basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2014

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-20.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Bheka kokuqukethwe uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.

3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.

4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikezwe emibuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.

6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.

7. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.

8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili. Ungathathi imibuzo emibili encwadini eyodwa.

9. **QAPHELA:** Uma ukhetha ISIQEPHU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula.

ISIQEPHU A: INOVELI **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.**			
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	**IMIBUZO**	**AMAMAKI**	**IKHASI**
1. *Kusinda kwehlela Endodeni*	Umbuzo omude	35	4
	NOMA		
2. *Kusinda kwehlela Endodeni*	Umbuzo omfishane	35	4–5
	NOMA		
3. *Umshado*	Umbuzo omude	35	6
	NOMA		
4. *Umshado*	Umbuzo omfishane	35	6–7
ISIQEPHU B: UMDLALO **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.**			
5. *Isiko nelungelo*	Umbuzo omude	35	8
	NOMA		
6. *Isiko nelungelo*	Umbuzo omfishane	35	8–10
	NOMA		
7. *Ababulali Benyathi*	Umbuzo omude	35	10
	NOMA		
8. *Ababulali Benyathi*	Umbuzo omfishane	35	10–12
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA**.			
9. Ilobolo	Umbuzo omude	35	13
	NOMA		
10. Mhla Liduma Laduma	Umbuzo omfishane	35	13–14
ISIQEPHU D: IZINKONDLO **Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.**			
11. Kuyosala Izibongo	Umbuzo omfishane	17½	15–16
	NOMA		
12. Inhlansi Yakho Thuli	Umbuzo omfishane	17½	16–17
	NOMA		
13. Ngingoweliba	Umbuzo omfishane	17½	18–19
	NOMA		
14. Ungumzali onjani?	Umbuzo omfishane	17½	19–20

ISIQEPHU A: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

UManyoba wayeyindoda eyayihlakaniphile nethanda umndeni wayo nakuba wayeke abhekane nobunzima empilweni yakhe. Xoxa ngezigameko/ngezehlakalo ngokulandelana kwazo ukufakazela lesi sitatimente uze ufike esiphethweni senoveli. **[35]**

NOMA

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UManyoba uvuka ebuthongweni; 'MaNdlovu! Uthi uyabona nje ukuthi aseshe ngempela amanzi emthonjeni? Ngibona sengathi awunakile. Wena ubona kusenjengakuqala ngisasebenza. Akusenjalo.' Usho nje uMacingwane ngalelo langa akukho ngisho isilabi lesi sokuya ethunjini.
'Baba!' Esabela ngezwi eliphansi. 'Cha! Angithule ngoba ngingaboni ukuthi kwenzekani. Ngidla amathambo engqondo, angiphumi nasiphetho esithembisayo. Wena njengendoda uthi akwenziwe njani ngoba uyabona nabantwana bethu abasasinakile. Batheni ngempesheni?'
'Abantu balapha kwaMavundla abanaso isineke sabantu abanjengathi. Kufanele ukuba ugwaze ukuze zisheshe izinto zakho lapha, manje-ke mina angisenayo leyo mali yokunika abantu bewuholela lowo msebenzi.'
Ngenye impelasonto uManyoba wabiza wonke umndeni wakhe, izinsizwa kanye namakhosikazi azo wenza umcimbi omuhle omncane, wayesezitshela izinsizwa zakhe ukuthi akasezukwazi ukuzondla yena nomkakhe, ngakho-ke abacabange ukuthi bazokwenzenjani ngabo. NgeSonto ntambama abafana kwase kufanele baphindele emuva lapho behlala khona.
Abafana bacela ukuba bake bahlanganise amakhanda bese bebatshela ukuthi bazokwenzenjani. Nebala benzenjalo. Zasuka lapho izinsizwa zozine zayohlala endlini yokuphumula, kwaqala omdala njengenjwayelo uma kunento abayidingayo.
'Bafowethu! Ngethemba ukuthi akekho ongezwanga ukuthi ubaba utheni. Nathi sizibonele ukuthi indlala injani lapha ekhaya. Mina ngibona ukuthi kufanele sibalethele ukudla omama nobaba njalo ekupheleni kwenyanga. Lokhu singakwenza ngokushintshana. Kuzoqala mina ekupheleni kwale nyanga, ngibathengele konke ukudla nemadlana encane yokuthenga izintwana ezincane. Nithini-ke nina ngalo mbono wami?'
Bheki: 'Mina ngiyavumelana nalo mbono kamfowethu kodwa bengithi kunganjani uma singakuhlanganyela ukudla sibe babili ukuze kungasisindi ukubanakekela abazali bethu.'

2.1 Ubani isibongo sikaManyoba? (1)

2.2 Ngubani igama lendodakazi kaManyoba? (1)

2.3 Kungani uManyoba kwadingeka ayosebenza epulazini eseyibhungu/ esakhula? (2)

2.4 Bhala izindawo EZIMBILI asebenza kuzona uManyoba. (2)

2.5 Qhathanisa isimo somnotho sikaManyoba ngesikhathi esasebenza nangalesi sikhathi elinde ukubhalisa impesheni. (2)

2.6 Khetha impendulo efanele kubakaki.

2.6.1 Abantu base Ncijane babephoqelekile ukusebenza: (itoho/isithupha/izimayini). (1)

2.6.2 KwaNdongaziyaduma kusho indawo yase: (eGoli/eGreytown/ ePitoli). (1)

2.6.3 Kubo kwaMaNdlovu kwakuse ... (Msinga/Mvoti/Mdlovana). (1)

2.6.4 (uMaNdlovu/uManyoba) uyena owashona kuqala phakathi kwabo. (1)

2.7 Bhala izinto EZIMBILI ezenza ukuba uManyoba angabe esaba nayo imali yokuthi azondle yena nomkakhe. (2)

2.8 Emveni kokuhlanganisa amakhanda isiphi isinqumo esathathwa ekugcineni ngabafana bakaManyoba ngabazali babo? (2)

2.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

2.9.1 Ukudla amathambo engqondo. (2)

2.9.2 Ukusha kwamanzi emthonjeni. (2)

2.9.3 Ukugwaza. (2)

2.10 Chaza isimo senhlalo ayebhekene naso uMaNdlovu ngenkathi ehlala kwandodana yakhe. (2)

2.11 Ingane yakwaZakwe eyayinguMfundisi eMnambithi yamsiza kanjani uManyoba nomkakhe? (2)

2.12 Ucabanga ukuthi uManyoba emva kokuhlupheka ayebhekene nakho waphumelela? Shono ukuthi waphumelela kanjani? (2)

2.13 Ngubani igama lendodana kaManyoba eyabona ukuthi uyise uthole isizumbulu semali? Yabona kanjani? (2)

2.14 Kwakufanele yini umlingiswa osemqoka ashiyele abazukulu bakhe imali nakuba amadodana akhe amphatha kabi. Bhala amaphuzu AMABILI ukufakazela impendulo yakho. (2)

2.15 Yimuphi umlayezo owethulwa umbhali kule noveli? Bhala OKUTHATHU. (3)
[35]

NOMA

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Abantu abaphila ngamanga nangobugebengu bagcina bebanjiwe noma bengaphumelelanga kulezo zenzo zabo. Xoxa ngezigameko/ngezehlakalo ezazenziwa umlingiswa uTholakele ukuthi ziyithuthukisa kanjani inoveli ize ifike kuvuthondaba. **[35]**

NOMA

UMBUZO 4: *UMSHADO* – N Zulu

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Kazi le imali yami iyobuyiswa ubani, nini?' Azibuze lo mbuzo uBheki angayitholi impendulo. Akahlalanga kakhulu esikoleni uBheki. Waphuthuma ukuyokhipha imali. Wabuya wazolinda uPamella. 'Uma le mali ingabuyi isiyongena elobolweni,' uBheki lowo ezikhulumela yedwa. Uhleli nje uqalaza lo mlungu amlindile. Emva kwesikhashana nje atheleke uPamella. Ufika ngemoto ebomvu. Athi ukwethuka uBheki. Akhumbule ukuthi uLindiwe naye wathathwa imoto ebomvu. Abone uSifiso ephakamisa isandla ebingelela uPamella. Imxake futhi leyo nto uBheki. Ubengazi ukuthi uPamella noSifiso bayazana. Aqonde kuPamella uBheki. Babingelelane. Akhiphe imali uBheki.
'Ngiyibale?'
'Ungazihluphi.'
Abonge uPamella. Asuse imoto ahambe. Ayibuke le moto ize iyosithela. Athathe izinombolo zayo.
'Kanti nawe usuyikhasimende yini?' USifiso lowo obuzayo.
'Usho ukuthini uma usho njalo Sifiso?'
'Bengingathi uyathenga kuPamella?'
'Bengingathengi. Uthunywe uTholakele uPamella. Kukhona into edayiswa uPamella?'
'Bengithi uyazi Bheki. Uma ungazi asiyeke. Kanti uTholi wathi usebenzaphi kuwe?'
'Sengathi wathi efemini.' Asuke ahleke uSifiso. Anikine ikhanda.
'Ungaze uyoshada nomuntu ungamazi ukuthi usebenzaphi?'
Yasuka yamcasula le nkulumo uBheki. Wamshiya kanjalo uSifiso waziyela ehhovisi lothisha. Inhliziyo yakhe yayisibuhlungu kakhulu. Waxakwa ukuthi kanti uPamella uyadayisa? Wacabanga into ayibone beyenza noTholi endlini yabo ebusuku. Wasola ukuthi ubungane babo kunokungcola phakathi. Wazitshela ukuthi nakanjani uzombuza uTholi ntambama ukuthi yini edayiswa uPamella.
Kwabuye kwafika le nkinga yokusebenza kukaTholi. Akhumbule ukuthi akaze abone lutho olwasemsebenzini. Azitshele ukuthi uzombuza ukuthi usebenza kuphi kahle hle. Siphume isikole. Aqonde ekhaya uBheki. Ikhanda liyamsinda imicabango.

4.1 Kwakungeyani imali uBhekani ayephuthuma ukuyoyikhipha? (2)

4.2 Wayikhipha kuphi leyo imali uBhekani? (1)

4.3 Yini lena uSifiso acabanga ukuthi uBheki uyayithenga kuPamella? (1)

4.4 Ngokwesiqeshana yini ekhombisa ukuthi uSifiso uyamazi uPamella? (1)

4.5 Kungabe le mali yangena elobolweni njengokucabanga kukaBheki? Shono ukuthi kwenzekani ngephuzu ELILODWA. (2)

4.6 Wavuka waya kuphi uBhekani ngelanga ayezothumela ngalo abakhongi ukuyolobola uTholakele? (1)

4.7 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenziswe endabeni:

Ukuqalaza. (2)

4.8 Chaza ukuthi laba bantu abalandelayo bahlobene kanjani:

4.8.1 uBhekani noLindiwe (2)

4.8.2 uSifiso noBhekani (2)

4.9 Bhala amaphuzu AMATHATHU afakazela ukuthi ubungane bukaTholakele no Pamella ngempela babunokungcola phakathi. (3)

4.10 Wayenzenjani uTholi uma uBhekani embuza izinto ezimayelana nempilo yakhe? (2)

4.11 Chaza ukuthi uLindiwe yamthatha kuphi imoto ebomvu futhi kanjani? (4)

4.12 USifiso wayemxwayisa kanjani uBhekani ngendaba yokushada kwakhe noTholakele? Bhala amaphuzu AMANE. (4)

4.13 Yini eyethusa uBhekani ngenkathi ebona uLindiwe emshadweni? (2)

4.14 Chaza izehlakalo ezenzeka ngelanga lomshado kaBheki noTholi. Bhala EZIMBILI. (2)

4.15 Kungabe iqiniso noma umbono ukuthi uTholakele usebenza efemini? Sekela impendulo yakho. (2)

4.16 Yimuphi umyalezo owethulwa umbhali kule noveli? (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Ukushona kukaSikhumbuzo kwaletha izinkinga eziningi phakathi komndeni wakwa Zungu nowakwaMondise ngoba kwaphoqa ukuba kulandelwe isiko lokungenwa. Chaza ukuthi inkulumo mpendulwano ephakathi kwabadlali nezehlakalo/izigameko ziwuthuthukisa kanjani umdlalo uze ufike esiphethweni. **[35]**

NOMA

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

(KwaZungu. Kufika uNondumiso uzobona uThenjiwe.)

MAMBATHA: Uzofunani-ke lapha wena?

NONDUMISO: Ngivakashele usisi.

MAMBATHA: Angithi le ngane inenkani nje nguwe?

NONDUMISO: Cha usebenzisa ilungelo lakhe, kwaphela nje.

MAMBATHA: Angisakufuni lapha emzini wami. Sesihlupheke kakhulu.

NONDUMISO: Ayikho into enihluphayo. UThenjiwe kufuneka animangalele nje kuphela. *(Kufike uThenjiwe)*

THENJIWE: Sekwenzenjani nakhulumela phezulu? Unjani ngane yakwethu?

NONDUMISO: Kuyabheda Thenji. Asihlale lapha phansi komthunzi sixoxe. *(Abheke kuMaMbatha)* Sicela usishiye kancane mama.

MAMBATHA: Usheshe uhambe, umakoti uyasebenza *(Abashiye)*

THENJIWE: Nixatshaniswa yini nobaba?

NONDUMISO: Indaba yakho. Uthi ubaba yimi engikwenqabela ukuba ugane uDumsane. Wangisho wangisho phambi kukababa wezingane.

THENJIWE: Cha abantu abavela namasiko basibulala.

NONDUMISO: Ugogo uthi ufuna ukukubona Thenji. Uyazi ukuthi uthini? Uthi ngabe usefile njengoba egula nje, inkinga uwena.

THENJIWE:	Hhi, ngiyinkinga kanjani?
NONDUMISO:	Uthi phela uyoshona mzukwane ugana uDumisane. Mhlawumbe ubaba uzofika ezokulanda ntambama kuyiwe kugogo. Uyizwile indaba kaSipho?
THENJIWE:	*(Ethuke)* Yiphi futhi?
NONDUMISO:	*(Abeke isandla emahlombe kaThenjiwe)* Uyazi bengithi usuzwile Thenji.
THENJIWE:	Uphumile yini ejele?
NONDUMISO:	Ephuma kanjani? *(Athi ukuthula. Ngezwi lokukhala)* Usho ... ni ... le.
THENJIWE:	*(Abhekise phansi ikhanda. Afihle amehlo ngezandla)* Hawu ngomngane wa ... mi. Bathi bekwenzenjani?

6.1 Iliphi leli lungelo akhuluma ngalo uNondumiso? (2)

6.2 Tomula amazwi asesiqeshini akhombisa ukuthi ugogo kaThenjiwe wayelisekela isiko lokungenwa. (2)

6.3 Yini eyayixabanisa uNondumiso kanye noMaMbatha? (2)

6.4 Ingabe uNondumiso wayesho ukuthini uma ethi:

'Wangisho wangisho phambi kukababa wezingane.' (2)

6.5 Yini eyayikhalisa uNondumiso ngenkathi ekhuluma noThenjiwe? (2)

6.6 Yini esivimbe/eyenza ugogo ukuthi angashoni? (2)

6.7 UThenjiwe uvezwe njengomlingiswa onenkani. Sekela lesi sitetimente ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.8 Yimuphi umzamo owenziwa uThenjiwe ukukhombisa ukuthi akamfuni uDumisane? (1)

6.9 Shono ukuthi ngokwalo mdlalo uThenjiwe uhlobana kanjani noSikhumbuzo? (2)

6.10 Shono ukuthi amazwi kagogo okuthi uThenjiwe uyena oyinkinga ngabe usefile njengoba egula kanje ngabe ayechaza ukuthini? (2)

6.11 Sasibangelwa yini isenzo sokubalisa kangaka kukaThenjiwe uma ezwa kuthiwa useshonile uSipho? (2)

6.12 Wawuthini umlayezo owabhalwa uSipho ewubhalela uThenjiwe ngesikhathi esesejele? (2)

6.13 Isigwebo sikaSipho sakhombisa ukuthi abakwaZungu banamandla amakhulu kunoSipho. Bhala OKUBILI ukufakazela lesi sitetimente. (2)

6.14 UThenjiwe wayenesifiso sokuyobeka izimbali ethuneni likaSipho. Ingabe uyavumelana naleso sifiso sakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

6.15 Ngokucabanga kwakho yini okwakwenza ukuthi ubaba kaThenjiwe uMondise aphoqe uThenjiwe ukuba agane uDumisane. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

6.16 Qondanisa UHLU A noHLU B.

UHLU A	UHLU B
6.16.1 Isimo senhlalo, isikhathi nendawo	A uMaMkhize
6.16.2 Umngane kaThenjiwe	B uMaNzuza
6.16.3 Umama ozala uThenjiwe	C isizinda
6.16.4 Umakhelwane wakwaZungu	D inzilo
6.16.5 Ingubo egqokwa ngoshonelwe	E isiko
	F uGugu

(5 x 1) (5)
[35]

NOMA

UMBUZO 7: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Ukungezwani kwenkosi uShandu nekhansela uDuma kuthikameza ukulethwa kwentuthuko kanye nokufa kwabantu. Xoxa ngezigameko/ngezehlakalo ezazenzeka kulo mdlalo ukuthi ziwuthuthukisa kanjani umdlalo uze ufike esiphethweni. **[35]**

NOMA

UMBUZO 8: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

(Emzini kaDuma. UDuma noMbandlwa bayaxoxa balungisa amaphepha esaziso somhlangano. Etafuleni kugcwele amaphepha lawo.)

DUMA: Le ndlu isinesikhathi eside yagcina ukuhlanzwa, selokhu kwahamba uMaShezi.

MBANDLWA: Uyaganga uMaShezi. Ngempela ziyamehlula izifungo azenza mhlazane nishada. Ngumfazi onjani othengisa indoda yakhe ezitheni? Yikho nje thina bothina sizihlalele. Kuhle ukuganwa kodwa babuye bahluphe laba bantu besifazane. Mhlawumbe nje kuyisibusiso lokhu kuhamba kwakhe ngoba lolu hlelo ngabe eseluchithile.

DUMA:	Ngempela iqiniso ngoba izaziso lezi, ubezozishisa ngomlilo. Phela kubuye kuvuke kuye ukuthi wayeyintombi yakwaMashu. Akulutho nje ngoba mina ngiyakholwa ngukuthi uzobuya uma esezwe izindaba zokunqoba kwethu.
MBANDLWA:	Vele sizonqoba ngoba umhlangano wethu uzobe uqashelwe ngamaphoyisa. Uyabona, njengoba nodaba lobukhona bamaphoyisa libhaliwe kulezi zaziso, abantu bazokhululeka ekwasabeni. Ngaleyo ndlela-ke, isizwe sonke sizofika ngobungako baso.
DUMA:	*(aqoqaqoqe izaziso eziqondene naye)* Mfo, nawe qoqa okwakho sihambe siyonamathisela.
MBANDLWA:	*(naye aqoqaqoqe izaziso ezisele)* Usushilo! Phela ikhansela lingumlomo ongathethi manga. *(ahleke)*
	(Baphume nemigodla yabo.)
	(UMbandlwa umatasatasa unamathisela izaziso. Kuqhamuke induna uDlamini.)
DLAMINI:	*(ame ngemva kwakhe, ambuke ematasatasa enamathisela)* We Mbandlwa! Ngempela nje nina ninoDuma, seniyazenzela? *(awugqolozele umbhalo lo)*
MBANDLWA:	*(angaphenduli kodwa amane aphenduke ambuke kabi anikine ikhanda)*
DLAMINI:	*(ngokufutheka)* Hhayi bo! Ngiphendule wena mpohlo ndini!
MBANDLWA:	*(angaphenduli kodwa amane aphenduke abuke induna ngeso eligcwele inzondo maqede achithe izandla. Aqoqe okusele, ahambe)*
DLAMINI:	*(asale yedwa. Aphinde alifunde buthule ipheshana maqede alikhiphe ngobunono. Eselikhiphile, bese eligoqa kahle. Asuke naye ahambe)*

8.1 Iziphi lezo izifungo uMbandlwa athi zihlula uMaShezi? (2)

8.2 Kungani uMbandlwa ethi mhlawumbe kuyisibusiso ukuhamba kukaMaShezi? (2)

8.3 Khetha impendulo efanele:

8.3.1 UMaShezi wayeyintombi eyakhulela (eMlazi/KwaMashu/eGoli). (1)

8.3.2 UMbandlwa (wayeganiwe/wayengaganiwe). (1)

8.4 Ngowani lo mhlangano obizwa uDuma? (2)

8.5 Walenzani uDlamini iphepha lezaziso elalinamathiselwa uMbandlwa? (1)

8.6 Kungani uMbandlwa enesiqiniseko sokuthi bazonqoba ngalo mhlangano? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.7 Chaza isizathu esenza ukuthi uMaShezi anqume ukushiya umuzi wakhe. (2)

8.8 Kungabe uMbandlwa noDuma bahlobene kanjani? (2)

8.9 Obani abayizitha zikaMbandlwa noDuma? Bhala ABABILI. (2)

8.10 Kungabe kubangwani phakathi koDuma nalabo abayizitha zabo? (2)

8.11 Ingabe uyavumelana noma uyaphikisana ukuthi oDuma babefuna ukubona intuthuko emphakathi? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

8.12 UMaShezi noMaNgema kukhona okubenza bacabange ngokufana. Kuphawule kube KUBILI. (2)

8.13 Chaza ukuthi uDuma nenkosi uShandu bahlukana kanjani ngokwezikhundla zabo. (4)

8.14 Phawula ngomyalezo noma isifundo esitholakala kulo mdlalo. (2)

8.15 Qondanisa UHLU A noHLU B.

UHLU A	UHLU B
8.15.1 INdlovukazi	A ummeli wenkosi
8.15.2 Umholi wendabuko	B uDuma
8.15.3 UMzizi	C uMaNgema
8.15.4 Umholi okhethwe umphakathi	D Inkosi uShandu
8.15.5 USibanda	E uDlamini
	F uMazongolo

(5 x 1) (5)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 9: *ILOBOLO* – S Zimema

UMandlenkosi okunguyena mlingiswa oqavile kule ndaba ubhekene nezinkinga eziningi. Bhala uchaze ukuthi izigameko ezenzekayo ziyithuthukisa kanjani indaba kuze kuyofika esiphethweni. **[35]**

NOMA

UMBUZO 10: *MHLA LIDUMA LADUMA* – MJ Mngadi

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Kusewukwethuka isisinga nje kwekhala, kuzojwayeleka,' esho uLaduma edumela isigingci, ezithinta futhi izintambo, esho ngelalilusizana. Ngaso leso sikhathi waqamba iculo ngemikhwintsho nentandanyana yomntwana igonwe yinkedama yendoda belahlwe unina. Babekezela oNyandeni, bandla.
Laklaklabula.
'Kunganjani mntanami uma ngikuhlanzela le mikhwintsho?' Kubuza uMaNyambose.
'Mama, ngeke impela kulunge. Uthando lwami lolu,' waqhubeka nesiginci waze wacweba izinyembezi.
Imvula.
'Kodwa singafika sinjani nje eThekwini?'
'Ngeke kwakhonondwa kangako ngemikhwintsho yomntanami kuphela. Nalawa masokisi anamazambane anesandla,' enqekuzisa ikhanda ezama ukuwakhomba ngalo.
'Futhi-ke mama, uma ngivuma lokho, ngabe ngenza iphutha eliwedlula wonke esengake ngawenza emhlabeni. UNoziphepho ukuhlupheka kwami kufanele akubone ngabo ubunjalo bemikhwintsho lena, ukuze azibuze aziphendule ukuthi koze kube nini ngizibambele.'
'Noma kunjalo mntanami, bekunganjani siwahlanze lawa,wena usuyogcina lawo ingane ezowangcolisa sesisondele eThekwini?'
'Mama, ngeke impela kulunge. Uthando lwami lolu. Futhi kuhlala kuthiwa isisu somhambi asingakanani nje, nesisu sengane asinagalanti yokuthi siyohlambuluka nini, sisongelane nini. Mhlawumbe siyosondela eThekwini isisongelene nje.' Ebonakala nasebusweni ukuthi wayethunukele nasemoyeni, wazibamba izintambo waze wagululula nezinyembezi ngesithupha.
Laduma izulu alezwakala, labonakala ngemibani kuphela.
Dukuduku ingane yakhala yawuhlanya. Yaze yavusa nendoda eyayilalele phezulu eyabonakala iphakamisa ikhanda, ibabuka ngayozela ithi, 'Isingaze ife ingane?' Kule khomphathimente akukho muntu yini onencence engase izitshwe ngayo ingane? Yasho yaphakamisa ibhodlela elalinesichitshana, yancela.

ULaduma owayemgonile umntwana wayibuka le ndoda eyayiphezulu, amehlo wayesewehlisela kuNyandeni nowakwakhe ethi, 'Uyamuzwa elinga umphefumulo wakho baba? Ucabanga ukuthi incence yasekhaya eyasezitimeleni yini?'
Enamahlonyana uNyandeni wathi, 'Akakhohlwe izincence zabantu anake le yakhe ayincelayo.'
'Kuyayiwa eZulwini. Umuntu uyohlangana nengane khona isithi, ngathi ncence, wathi cha.' Indoda yazincelela eyayo futhi qede yazilalela.

10.1 Babeyaphi abantu ababegibele isitimela? (1)

10.2 Yini eyayiyisiphazamiso kubantu ababehleli kule khompathimente? Bhala kube KUTHATHU. (3)

10.3 Kungani uLaduma ayenqaba ukuwashelwa imikhwintsho? (2)

10.4 Lalinani ibhodlela elalincelwa yindoda eyayilele phezulu kwikhompathimente? (1)

10.5 Kwakungubani igama lengane kaLaduma? (1)

10.6 Khetha impendulo efanele kubakaki:

10.6.1 Okwakufihlwe ebhakedeni elalinemikhwintsho (imali yokwebiwa/ amadayimane/amanabukeni). (1)

10.6.2 ULaduma wayeyindoda (eyibhimbi/edelelayo/eyigagu). (1)

10.7 Bhala amagama abantu ABATHATHU ababesesitimeleni. (3)

10.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma:

10.8.1 Ukuthuka isisinga. (2)

10.8.2 Ukuba namahloni (2)

10.9 Ngamaphuzu AMANE phawula ngokukhohlisana okwakwenzeka kwikhompathimenti eyayigibele uLaduma. (4)

10.10 Phawula ngeqhinga likaLaduma nonkosikazi wakhe abalakha ngaphambi kokugibela isitimela. Bhala amaphuzu AMANE. (4)

10.11 Ngokwakho ukucabanga yini eyayidala ukuthi uLaduma ahambe ibanga elide kangaka nengane engenanina? (2)

10.12 Bhala ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. (2)

10.13 Yisiphi isifundo sitholile ngokufunda le ndaba ngamaphuzu AMABILI. (2)

10.14 Yayenza msebenzi muni le ndoda eyayilele phezulu? (2)

10.15 Yini eyayizokwenza ukuthi ingane ithule? (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 11

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kuyosala Izibongo – T Qwabe

1 Wayengathethi manga okaNdaba,
2 Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
3 Kula mathafa ezwe lethu kwake kwaphila izinsizwa,
4 Ezazigijima mzila munye nezingwenya ezibulalayo,
5 Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo,
6 Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
7 Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.

8 Ekuhambeni kwami nginqamula izwe lakithi,
9 Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
10 Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo,
11 Notshani bukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
12 Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
13 Ngibona amaqhawe akithi evunule ngamabheshu,
14 Ezandleni ebambe amahawu amaqhabanga namaklwa
15 Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,
16 Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,
17 Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.

18 Ngiwabona ethi shalushalu,
19 Egane unwabu, ngimfung' uNonhlanhla kababa,
20 Elwa engakhokhi moya noma seyaphela impi,
21 Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga,
22 Futhi kungekho namunye owathi shwele.

11.1 Bhala ngamagama akho amaphuzu AMABILI usho ukuthi le nkondlo ikhuluma ngani? (2)

11.2 Imbongi ichaza ukuthini ngokwale nkondlo uma ithi:

'kukhinindelana ezasemandulo' (2)

11.3 Tomula izikhali EZINTATHU ezabe ziphathwa amaqhawe ashiwo yimbongi. (3)

11.4 Bhala umusho otholakala esitanzeni sesibili osebenzisa imizwa yokuhogela. (2)

11.5 Khetha impendulo efanele echaza lezi zimo zokukhuluma:

11.5.1 Ukugana unwabu sisho kuphi kulokhu okulandelayo: (ukuzisola kakhulu/ukucasuka kakhulu/ukukhumbula kakhulu). (1)

11.5.2 Ukudlokodlwa emehlweni: (ukukhishwa amehlo/ukungabi namehlo/ ukusukelwa umuntu). (1)

11.6 Bhala uhlobo lwesifengqo umbhali asisebenzisile esitholakala emgqeni we-10. (1)

11.7 Ngokucabanga kwakho kwakuyindawo enjani lena imbongi ehamba kuyo? Sekela impendulo yakho. (2)

11.8 Kungabe isihloko siyahambisana nenkondlo? Sekela impendulo yakho. (1½)

11.9 Yikuphi imbongi ekholelwa kukhona esitanzeni sokugcina okufanele kwenziwe uma impi isiphelile. Bhala OKUBILI. (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 12

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inhlansi Yakho Thuli – SB Mlambo

1 Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
2 Ngishiywe nguNontando dengwane,
3 Amehlo anezithukuthuku zosizi,
4 Ngingaboni lutho wufasimba,
5 Kujuluke namehlo.

6 Ngakubona buqamama.
7 Ngakubona uyinhlasana
8 Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
9 Ngamangala, ngankema.
10 Ngakubona ungena kimi ngamehlo.
11 Ngezwa usiyifudumeza inhliziyo,
12 Yokhela, yalanguz' ilangabi.
13 Ngabuzwa ubulangulangu
14 Ngaziba, lakhula ilangabi.
15 Kokheleka nakweziny' izitho.

16 Ukunyamezela kwangiphika.
17 Ukubekezela kwanyamalala.
18 Wadlondlobala umlilo ngazidela.
19 Ngayihlomisa eyomlomo.
20 Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.

21	Ngakujuma ungazelele.
22	Ngakuchoboshisa ngeyamazwi.
23	Ngagadla ngengedla wapaquza,
24	Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
25	Ngagwaza ngesijula.
26	Nganqoba ngingeqhawe.
27	Ngazihasha ngingembongi,
28	Yahlokom' imvelo.
29	Kwabakuhle konke.
30	Ngayithumb' eyakho inhliziyo.
31	Ngayokhelisa yokhela.
32	Kwahlangan' ilangabi.
33	Mawungacishwa muntu
34	Mawungacishwa mvula nomoya.

12.1 Qondanisa UHLU A noHLU B.

UHLU A	UHLU B
12.1.1 Ukunkema	A Ukukhula
12.1.2 Ukunyamezela	B Ukumangala
12.1.3 Ukudlondlobala	C Ukubekezela
	D Ukusala ungenalutho

(3 x 1) (3)

12.2 Esitanzeni sokuqala tomula umugqa osho okuphambene nokwenziwa amehlo. (2)

12.3 Ngokwale nkondlo yimaphi amalangabi okheleka ashiwo yimbongi? (2)

12.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:

12.4.1 Ukushiya dengwane (2)

12.4.2 Ukucoboshisa ngamazwi (2)

12.4.3 Ukuthumba inhliziyo (2)

12.5 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala estanzeni sebilili. (1)

12.6 Ngokucabanga kwakho imbongi iqonde ukuthini uma ithi: 'anezithukuthuku zosizi'. (1½)

12.7 Iqiniso noma umbono ukuthi imbongo iveza umoya wokukhathazeka kanye nowokujabula kule nkondlo engenhla. Sekela impendulo yakho. (2)

[17½]

NOMA

UMBUZO 13

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngingoweliba – **NL Luthuli**

1 Umzimba wam' uhlukene nompefumulo.
2 Umzimb' ubuyele kwamhlab' emhlabathini
3 La owadabuka khona.
4 Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba.
5 Umzimba kuphel' onesabelo'
6 Ngob' ungoweliba.

7 Nendodana kaSomandla,
8 Yaba ngeyethuna.
9 Ngolwesithathu yalinqob' iliba,
10 Yavuka kwabaleleyo.
11 Pho mina bengingahlala kanjani
12 Ngingabi ngoweliba njalo na?

13 Um' indodana yoMunt' ingakabuyi,
14 Ngiyoba ngoweliba njalo.

15 Ngiyazi bayokhala balile,
16 Bathi balahlekelwe,
17 Bayosho baze bafakazelane
18 Ngent' eyodwa;
19 Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami.
20 Keph' engikwaziyo kunye,
21 Mina nabo singabeliba.

13.1 Bhala uhlobo lwale lwenkondlo oyifunde ngenhla? (1)

13.2 Yimaphi amagama AMABILI asetshenziswe imbongi esitanzeni sesibili asho ingcwaba. (2)

13.3 Tomula umusho esitanzeni sokugcina ochaza ukuthi sonke siyokufa ngelinye ilanga. (2)

13.4 Bhala izinhlobo EZIMBILI zabantu imbongi eqondise kubona emgqeni we-15 kanye nowe-16. (2)

13.5 Umusho othi: 'Yavuka kwabaleleyo' uqukethe hlobo luni lwesifengqo? (2)

13.6 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala esitanzeni sokuqala. (1)

13.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile enkondlweni:

13.7.1 Ukufa olwembiza. (2)

13.7.2 Umzimba ubuyela emhlabathini. (2)

13.8 Bhala umqondo osobala wale nkondlo. (1½)

13.9 Kungabe iqiniso noma umbono ukuthi imbongi ikholelwa enkolweni yobuKrestu? Sekela impendulo yakho. (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 14

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ungumzali Onjani? – DA Hlophe

1 Ungumzali onjani?
2 Odel'igazi lakhe.
3 Lichithek' ezintabeni
4 Sithi sihlezi sithokozile
5 Kodwa abasibophel' amanqina enyathi.

6 Ungumzali onjani?
7 Onhliziyo yakhe iyitshe
8 Ongafuni ukusinika
9 Iwisa nesihlangu
10 Silwe sivike kudel' umakhasane
11 Kukhale inkwazi kukikizwe!

12 Ungumzali onjani?
13 Ongasingath' amachwane akhe,
14 Awafak' endleleni eyiyo.
15 Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
16 Ziwathole ekhuselekile.

17 Ungumzali onjani?
18 Ohlal' anethezeke
19 Ashay'esingeqiwa ntwala
20 Kodwa ekhaya kudlang'usizi
21 Izingane zibona ngokusa.

22 Ungumzali onjani?
23 Onikwa isikhali sempilo
24 Ahlabane ngaso imizuzwana
25 Asitshinge phezulu
26 Kuqhamuke iminjunju imtshikitshele.

14.1 Tomula impindwa etholakala kule nkondlo. (2)

14.2 Bhala amagama amqondofana nalawa alandelayo:

14.2.1 Ihawu (1)

14.2.2 Umoya omkhulu (1)

14.2.3 Akhululeke (1)

14.3 Shono uhlobo lwemvumelwano olutholakala endimeni yokuqala unike nesibonelo. (2)

14.4 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Onhliziyo yakhe iyitshe: (isifaniso/isingathekiso/isihlonipho). (1)

14.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:

14.5.1 Abasibophela amanqina enyathi. (2)

14.5.2 Ziwathole ekhuselekile. (2)

14.5.3 Ohlal' anethezeke. (2)

14.6 Bhala umqondo osobala wale nkondlo. (1½)

14.7 Imbongi ichazani ngomzali ongafuni ukunika umndeni wakhe iwisa nesihlangu? (2)
[17½]

AMAMAKI ASIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70